Uhlelo ngoHana
Umsebenzi kaTWR

**NHLANGULANA 2016**

**NXUSA ELITHANDEKAYO**

Sekungikhuthaze kakhulu kulelisonto, ukwazi ukuthi uma sidangele, umphefumulo wethu ufumana ukuphumula kuNkulunkulu, njengalokhu sinethemba Kuye (Amahubo 62:5).

Singanikela kuye konke ukwesaba bese sithola ukukhuthazwa kwiqiniso elithi: akukho ukwehluleka kuye( Lukha 1:37). Uma sihlangana sikhuleka amaphimbo ethu afinyelela enhliziyweni kaNkulunkulu bese sithola isibindi sokubhekana nezinkinga, nabamelana nathi kanye nezinhlupho.

Emkhulekweni izimpilo ziyashintshwa futhi ziphiliswe. Nabu ubufakazi bowaseMozambique:
"*Ngenkathi ngiqala ukukhuleka, ngangicabanga ukuthi ngeke ngikwazi ukukhuleka ngize ngiqede, kodwa uNkulunkulu wayenami. Umkhuleko wami kwakuwukuba ngibone umndeni wami unokuthula. Ngenkathi ngisakhuleka, indodakazi yami yafika ekhaya yaxolisa kubaba wayo ababengaboni ngaso linye naye,* ngaleyondlela *ngabona umphumela wokukhuleka*".

"*Akekho umuntu onamandla kaNkulunkulu, kodwa uma sikhuleka, uNkulunkulu angenza ummangaliso ekukhulekeni kwethu*".

Njengoba sizohlangana ndawonye sikhulekele odadewethu eAngola naseMozambique, asikhumbule uNkulunkulu ephendula umkhuleko kaHanna (1 Samuweli 1). Lo wesifazane wayedangele ehluphekile ephoxekile efisa ukuthola umntwana. Umphefumulo wakhe wawunomunyu, wakhuleka kuJehova, wakhala kakhulu (1 Sam 1:10).

Asikhumbule noma singadikibala kanjani, uNkulunkulu useduze futhi uyalalela imikhuleko yethu. Asikhuleke nezinkulungwane zabesifazane emhlabeni wonke, sinikezele ubunye namandla emzimbeni kaKrestu.

Ngiyabonga ngokuzinikela kwakho emkhulekweni. Iba nokukholwa namhlanje ukuthi uNkulunkulu uyawuzwa umkhuleko wakho, futhi uzophendula ngesikhathi esifaneleyo.

*"Yilesisibindi esinaso Kuye sokuthi, uma sicela utho ngokwentando yakhe, uyasizwa"* (1 Johane 5:14).

Kuye izinhliziyo zethu ziyathokoza,

Peggy Banks
Global Ministry Director
Project Hannah

**UBUFAKAZI BASE MOZAMBIQUE**

Uma umethemba uNkulunkulu uzokusebenzisa ube isandla sakhe. Umshado wami wawunezinkinga, ngaqala ngakhulekela inhliziyo yomyeni wami. Ngiyazi ukuthi kwaba isikhathi eside ukuba lokho kwenzeke. Isiluleko sami kimi bodadewethu, uma sinezinkinga asibekezele uNkulunkulu uyanikezela ngezimpendulo.

Ngizonichazela okwenzeka empilweni yami bodadewethu. Ngiyindodakazi yesithathu kumama. Ngenkathi sengikhulile, ubaba wami wangishadisa nendoda engumelaphi wakhe. Ngaba unkosikazi wesine kulendoda, futhi ngatshelwa ukuba ngingayi enkonzweni. Ngathola abantwana abahlanu kulomshado, ngiyafisa basuke kulenhlupheko esikuyo. Ngesinye isikhathi ngikhuleka ngicashile, ngoba uma lobaba engangibona ngikhuleka angangishaya. Ngelinye ilanga umntwana wami wokuqala wathathwa umngani wakhe baya enkonzweni. Lomngani womntwana wami wacela kubaba ukuba avumele indodana yethu ibe ingxenye yohlelo lwabasha enkonzweni. Kwangithatha izinsuku ezimbili ngikhala, ngicabanga ukuthi indodana yami izojeziswa. Kodwa ubaba wacela mina ukuba ngihambe nendodana yethu ukuze ngibe iso lakhe kuyo, njalo ngamasonto. Angikholwanga ukuthi lokhu esengikufise isikhathi eside kufezekile. UNkulunkulu uyaphila. Manje senginesibindi ukusho ukuthi ngiwumzalwane sengijoyine nohlelo lukaProject Hannah. Ningayeki ukungikhulekela ngifisa ngelinye ilanga umndeni wami uye enkonzweni.

Uma ngishada ngangingazi ukuthi indoda engishada nayo isebenzisa izidakamizwa. Yayizenzisa kungathi iyikholwa. Emva kwesikhathi yaqala ukungihlukumeza- kwaze kwaba siyahlukana. Ngaba owesifazane osebuhlungwini. Ngase ngizwa ngezinhlelo zaWomen Of Hope emsakazweni. Emva konyaka ngabhalela umsakazi ukuba nami ngibe ingxenye yalomndeni. Ngonyaka odlule ngiqalile ukuhlangana nabesifazane abathulula ubuhlungu nobunzima babo kuNkulunkulu. Kwaba nzima kimi ukukhuluma ngobami ubuhlungu. Kodwa ngelinye ilanga ngazizwa engathi ngiyafa ngenxa yendlala engangiyishiye ekhaya lami.Nginomntwana oyedwa, manje sengiyisidalwa esisha. Nginethemba ngenxa yomthwalo wami engawunikela kuNkulunkulu, ngizizwa ngilula. Kumanje sengiyasebenza ngihlanze nekhaya lami, nginakekela nomntwana wami, uNkulunkulu uyazi ngempilo yami futhi unecebo ngayo.

**UBUFAKAZI BASE ANGOLA**

Owesifazane ohlukunyezwe iminyaka ewu15, ngoba engabatholi abantwana, wajoyina umkhuleko kaPH ngo2013. Ngokulalela izinhlelo zaWomen Of Hope, ngokukhuleka nokuzila ukudla, uNkulunkulu waphendula isicelo somkhuleko wakhe waphulukiswa kubunyumba. Wakhulelwa, kumanje unomntwana onezinyanga ezimbili.

Ngibonga iNkosi! Ngaxoxela iqembu lomkhuleko ebandleni ngokugula kwendodana yami izinyanga ezu7. Wayebuyisa konke ukudla neziphuzo, ngomusa kaNkulunkulu usephilile wamukela neNkosi uJesu.

Umxhumanisi kaPH eAngola uvakashele isikhungo esihlala amantombazanyana angu50 nabantwana abahlala emgwaqeni. Ngenyanga elandelayo, abesifazane bakaProject Hannah bavakashile nabo banikezela ngamaphasela okudla.